



## Learning to share

As adults we know that being able to share is an important life skill, and part of this is learning to take turns with others. When you regularly spend time reading with your children, not only do you develop them as readers, you also have an excellent opportunity to show them how to share and take turns.

Taking turns helps you to create a partnership with your children around books. It means that you can share the power to make decisions about what you will read and how to spend your reading times. And so, exploring books becomes something you really do together!

Here are some ways in which you can share and take turns as you read together.



### CHOOSING STORIES

- ★ Take turns choosing books. Sometimes invite your children to choose the storybooks you'll read together. At other times, you can choose a storybook that you'd like to read to them.
- ★ Take turns between reading your children's favourite stories and sharing a book that none of you has read before.
- ★ Take turns telling each other stories. Share "old" stories that you remember hearing before, or new ones that you have made up yourselves!

## Ukufunda ukwabelana

Njengabantu abadala siyazi ukuthi ukukwazi ukwabela yikhono lempilo elibalulekile, futhi ingxenye yalokhu wukufunda ukude udedelana nabanye. Uma uchitha isikhathi njalo ufunda nezingane zakho, akukhona nje kuphela ukuthi uyazithuthukisa njengabafundi, kodwa futhi unethuba elihle kakhulu lokuzikhombisa indlela yokwabelana kanye nokudedelana.

Ukudedelana kukusiza ukuba wenze ubudlelwano bokusebenzisana nezingane zakho ngezincwadi. Lokhu kusho ukuthi ungakwazi ukwabelana ngamandla okuthatha izinqumo mayelana nalokho ozokufunda nendlela yokusebenzisa izikhathi zakho zokufunda. Ngakho, ukusebenza ngezincwadi kuphenduka into eniyenza ndawonye ngempela!

Nazi ezinye zezindlela eningabelana ngazo futhi nidedelane ngesikhathi nifunda ndawonye.

### UKUKHETHA IZINDABA

- ★ Shintshanani ngokukhetha izincwadi. Ngesinye isikhathi cela izingane zakho ukuba zikhethe izincwadi zezindaba enizozifunda ndawonye. Ngezinye izikhathi, ungakhetha incwadi yezindaba ongathanda ukuyifundela zona.
- ★ Dedelanani phakathi kokufunda izindaba ezikhonzwe yizingane zakho kanye nokwabelana ngencwadi engakaze ifundwe muntu phakathi kwenu ngaphambilini.
- ★ Dedelanani ngokuxoxelana izindaba. Yabelana ngezindaba "ezindaba" okhumbula ukuthi wake wazizwa phambilini, noma ezintsha enizakhele zona ngokwenu!

### READING TOGETHER

- ★ As you read books together, take turns "reading" the words. Sometimes invite children who can already read, to read the words of one of the characters in the story. Encourage children to join in when you read repeated phrases or sentences in a story. For example, in the story, *The three little pigs*, the wolf repeatedly says, "I'll huff and I'll puff and I'll blow your house down."
- ★ Taking turns is not only for older children. Get babies or toddlers involved in helping you read the story by asking them to turn the pages for you!
- ★ Invite children to share their opinions and ideas while you help them think about the stories you read together. Ask questions like, "What do you think of ...?", "Why do you think they said/did that?" and "What would you have said/done if that were you?"
- ★ Remember to allow your children to ask their own questions about the stories – and then work out the answers to their questions together.



### UKUFUNDA NDAWONYE

- ★ Ngesikhathi nifunda izincwadi ndawonye, dedelanani "ngokufunda" amagama. Ngezinye izikhathi mema izingane esezivele zikwazi ukufunda, ukuthi zifunde amazwi omunye wabalingiswa endabeni. Khuthaza izingane ukuthi zihlanganyele ngenkathi ufunda amabinza aphindwayo noma imisho endabeni. Ukwenza isibonelo, endabeni ethi, *Izingulube ezincane ezintathu*, impisi iyaphindaphinda ithi, "Ngizofutheka bese ngifutha bese ngiphephetha indlu yakho iwe bhu phansi."
- ★ Ukudedelana akukhona okwezingane ezindadlana kuphela. Yenza abantwana noma ojahidada bahlanganyele ekukusizeni ukuthi ufunde indaba ngokubacela ukuthi bakuphenqele amakhasi!
- ★ Cela izingane ukuba zabelane ngemibono kanye namasu azo ngenkathi uzisiza ukuthi zicabange ngezindaba enizifunda ndawonye. Buza imibuzo efana nokuthi, "Nicabangani ngokuthi ...?", "Nicabanga ukuthi kungani besho/benze lokho?" kanye nokuthi "Ubuzothini/ubuzokwenzenjani ukuba bekunguwe?"
- ★ Khumbula ukuvumela izingane ukuthi zibuze eyazo imibuzo mayelana nezindaba – bese emva kwalokho nenza izimpendulo zemibuzo yazo nindawonye.

### At your reading club

Take turns at your reading club.

- ★ Sometimes you can choose the book to read aloud to the children and at other times you can ask them to choose.
- ★ Always allow some time during your weekly reading club session for the children to choose books they want to look at and/or read on their own or in pairs.



### Ethimbeni lakho lokufunda

Dedelanani ethimbeni lakho lokufunda.

- ★ Ngesinye isikhathi ungakhetha incwadi ozoyifundela izingane zakho kuzwakale kanti ngezinye izikhathi ungacela zona ukuthi zikhethe.
- ★ Yenza kube nesikhathi njalo ngenkathi yemihlangano yethimba lokufunda yamasonto wonke ukuze izingane zikhethe izincwadi ezifuna ukuzibheka futhi/noma zizifundele ngokwazo noma ngazimbili.



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



## Reading club corner



## Ikhona lethimba lokufunda

Holiday programmes provide opportunities for reading club members to continue enjoying and exploring stories during the school holidays. They can also introduce other children to the joy of stories!

Here's a countdown checklist to help you prepare for your holiday programme.



### 6 weeks before

- Find a venue that is safe and has enough space.
- Find volunteers who can help you run the programme.
- Invite different authors, illustrators, storytellers and/or actors who could talk to the children and share stories with them.
- Speak to people at libraries and schools, and to individuals who can lend or donate books, magazines or stationery.



### 4 weeks before

- Draw up a draft programme of activities for each day.
- Advertise the holiday programme at schools, libraries and local shops.
- Ask shops and members of the community to donate healthy snacks for the children to enjoy each day.



### 2 weeks before

- Decide which stories will be told or read, which songs and games to use, and which activities and resources are needed for each day.
- With the volunteers, practise reading the stories and doing the programme activities so that you know how much time is needed for each.
- Finalise the programme.
- Have a sign-up day. Make sure that parents/caregivers complete and sign all the necessary forms.
- Once you know how many children will be attending the holiday programme, decide how many resources you need for each activity.
- Start collecting the resources.



### 1 week before

- Collect the rest of the resources you will need.
- Prepare anything special that you may need for the activities. (For example, staple blank pages together for children to use to create their own storybooks.)

### The day before

- Prepare the venue! Put up posters. Create different activity areas, for example, use a blanket and cushions to create a reading area.
- Make sure that you have everything at the venue for the first day's activities.
- Make sure that you have enough snacks and drinks, toilet paper and bin bags.



Izinhlelo zamaholide zihlinzeka ngamathuba kumalungu ethimba okufunda ukuthi aqhubeke nokuthokozela kanye nokuhlola izindaba ngesikhathi samaholide ezikole. Zingaphinda zifake ezinye izingane enjabulweni yezindaba!

Nalu uhlu lokubala usuka phezulu wehla, oluzokusiza ulungiselele uhlelo lwakho lwamaholide.

### Amasonto ayisi-6 andulelayo

- Thola indawo ephephile futhi enesikhala esanele.
- Thola abasebenza ngokuzithandela abazokwazi ukukusiza ukusingatha uhlelo.
- Mema ababhali abehlukene, abadwebi bemifanekiso, abaxoxi bezindaba kanye/noma nabalingisi ukuthi bazoxoxa nezingane futhi bazokwabelana ngezindaba nazo.
- Khuluma nabantu emitasheni yezincwadi kanye nasezikoleni, nakubantu abazokwazi ukubolekisa noma banikele ngezincwadi, amaphephabhuku noma izinsiza zokubhala.

### Amasonto ama-4 andulelayo

- Dweba uhlaka lohlelo lwemisebenzi yosuku ngalunye.
- Khangisa ngohlelo lwamaholide ezikoleni, emitasheni yezincwadi kanye nasezitolo zendawo.
- Cela abezitolo kanye namalungu omphakathi ukuthi banikele ngokokuthiba indlala okunempilo benzele izingane ukuthi zikuthokozele usuku ngalunye.

### Amasonto ama-2 andulelayo

- Nquma ukuthi yiziphi izindaba ezizoxoxwa noma ezizofundwa, yiziphi izingoma kanye nemidlalo okuzosetshenziswa, nokuthi yimiphi misebenzi kanye nezinsiza okuzodingeka usuku ngalunye.
- Ukanye nabasebenza ngokuzithandela, zejwayezeni ukufunda izindaba kanye nokwenza imisebenzi yohlelo ukuze nikwazi ukuthi singakanani isikhathi esizodingeka emsebenzini ngamunye.
- Qedani ukwenza uhlelo.
- Makube nosuku lokubhalisa. Qiniseka ukuthi abazali/abanakekeli bagcwalisa bese besayina wonke amafomu adingekayo.
- Lapho usuwazi ukuthi zingaki izingane ezizobe zikhona ohlelweni lwamaholide, nquma ukuthi zingaki izinsiza ozidingayo emsebenzini ngamunye.
- Qala ukuqoqa izinsiza.



### Isonto eli-1 elandulelayo

- Qoqa zonke ezinye izinsiza ozozidinga.
- Lungisa noma yini ekhethekile ongase uyidinge imisebenzi. (Ukwenza isibonelo, qhanela ndawonye amakhasi angenalutho ukuze izingane ziwasebenzise ukuzakhele ezazo izincwadi zezindaba.)




### Usuku olwandulela uhlelo

- Lungisa indawo! Phanyeka amaphosta. Yenza izindawo zemisebenzi ezahlukene, ukwenza isibonelo, sebenzisa ingubo namakhushini ukwenza indawo yokufundela.
- Qiniseka ukuthi unazo zonke izinto endaweni leyo eziqondene nemisebenzi yosuku lokuqala.
- Qiniseka ukuthi unokokuthiba indlala kanye neziphuzo okwanele, iphepha lasendlini encane kanye nezikhwanyana zikadoti.

How will you be spreading a love of stories and reading? Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to find out what Nal'ibali will be doing and how you can join in!

Ngabe uzolusabalalisa kanjani uthando lwezindaba nolokufunda? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole ukuthi abakwaNal'ibali bazobe benzani nokuthi wena ungahlanganyela kanjani!



Drive your  
imagination



## Stories@school

**Book displays invite children to try out books! They highlight the books that are available for them to choose from when they want to read.**

Display books that you want the children to notice. These may be books related to a particular holiday, celebration or a theme. Or, create a display of books that have been read and reviewed by the children!

### Remember!

- Display books in all the languages the children speak.
- Include the books that you have read aloud so that the children can explore these on their own and with friends.
- The display needs to be at the children's head height so that they can see and reach the books easily.
- Keep the display interesting and fresh by changing the books every week or every two weeks. (You can reuse books as part of a later display.)

Besides using traditional bookshelves or a small, low table, there are other attractive ways to create a book display. For example:

- Hang picture books over a washing line strung low from one side of the classroom to the other.
- Make bookshelves from plastic guttering attached to a wall and display books on these.
- Use an old kitchen dish-drying rack and display some of the books in the slots usually used for plates.

If you are unable to create a permanent display, then create a display area that can easily be packed away. Place a large piece of fabric, a carpet offcut or an old tablecloth on the floor and spread out the books you want to display on this. Make sure the front covers of the books are facing upwards.

## Izindaba esikoleni

**Ukukhombisa noma ukubukisa ngezincwadi kuheha izingane ukuthi zizame ukuzifundela izincwadi! Kubonisa izincwadi ezikhona nezingakhetha kuzo izingane uma zifuna ukufunda.**

Qhakambisa izincwadi ofuna ukuthi izingane ziziqaphele. Lezi zincwadi kungaba ngeziphathelene neholidi elithile, umgubho noma indikimba ethile. Noma ungenza umbukiso wezincwadi ezifundwe zahluzwa yizingane!

### Khumbula!

- Bukisa ngezincwadi ngazo zonke izilimi ezikhulunywa yizingane.
- Faka nezincwadi oke wazifunda kwezwakala yikhona izingane zizozihlola ngokwazo nabangani bazo.
- Izincwadi mazibekwe zilinganisane namakhanda ezingane, zingabi phezulu, yikhona zizozibona futhi zizofinyelela kalula kuzo.
- Gcina umbukiso wezincwadi ujabulisa futhi umuhle ngokude ushintsha izincwadi njalo emva kwesonto noma amabili. (Izincwadi ungabuyi uzisebenzise embukisweni ngolunye usuku.)

Ngaphandle kokusebenzisa amashalofu ezincwadi noma itafula elincane elifishane, zikhona izindlela ezihehayo zokwenza umbukiso wezincwadi. Isibonelo nje:

- Lengisa izincwadi zezithombe ocingweni lokweneka oluphanyekwe lusuka ohlangathini olulodwa lwekilasi luya kolunye.
- Yenza amashalofu ezincwadi ngamagadasi epulastiki ananyathiselwe obondeni bese ubeka izincwadi khona.
- Sebenzisa irekhi endala yokomisa izitsha ekhishini ubeke ezinye izincwadi lapho okuye kubekwe khona amapuleti.

Uma ungeke ukwazi ukwenza umbukiso ongapheliyo, yenza indawo yombukiso ongayiqoqa kalula uyisuse. Beka isiqephu esikhulu sendwangu, isiqephu sikakhaphethi noma indwangu yetafula endala phansi bese wendlala izincwadi ofuna ukuzikhangisa phezu kwakho. Qinisekisa ukuthi amakhava angaphambili ezincwadi abheke phezulu.



## WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Small Bird's big adventure* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Your review could be published in a future Nal'ibali Supplement!) Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Uhambo olukhulu lukaNyonyana* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Iqoqa lakho lokuhlaziya lingashicilelwa kuSithasiselo sikaNal'ibali sangesikhathi esizayo!) Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your  
imagination




## Get creative!

Audio stories are a wonderful way to keep your children entertained, especially when you are busy with something else or they have to sit still for a long time, like when you're on a long journey in a bus or car!

You can download audio stories in different languages from the "Story resources" section of the Nalibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)), but you can also use your cellphone to create your own stories together with your children! Here's how.

1. Choose a story that you all enjoy.
2. Together, practise reading it aloud. Make sure that there is something for everyone to read or do.
  - ★ Decide who will read or say which bits of the story. Will they do this on their own or with someone else?
  - ★ Use different voices for different characters.
  - ★ Add sound effects, like someone walking along a path, thunder or the wind blowing.



3. Practise reading the story with sound effects several times until everyone is comfortable with their part.
4. Use a cellphone to record you and your children reading the story.
5. Enjoy listening to it again and again!

### Easy sound effect ideas

**A bird's wings flapping:** Flap some sheets of paper.

**Rain falling:** Hit your thighs lightly with your hands.

**Walking through tall grass:** Put thin strips of newspaper in a plastic packet and gently hit or press the packet.



### Imibono ngemisindo elula

**Ukubhakuza kwamaphiko enyoni:** Bhakuzisani iziqephu ezithile zamaphepha.

**Imvula enayo:** Shayani amathanga enu kancane ngezandla zenu.

**Ukukhamba otshanini obude:** Faka imicu emincane yephephandaba ephaketheni lepulastiki bese ushaya noma ulicindezele kancane iphakethe.

## Veza ubuciko bakho!

Izindaba ezilalelwayo ziyindlela emangalisayo yokugcina izingane zakho zithokozile, ikakhulukazi ngenkathi wena umatasatasa ngenye into noma kufanele bahlale bathule isikhathi eside, njengalapho niso hambeni olude ngebhasi noma ngemoto!

Ungakhipha izindaba ezilalelwayo ngezilimi ezahlukeni eziphuma engxenyeni ethi "Story resources" kusizindalwazi sikaNalibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)), kodwa ungabuyise usebenzise nomakhalekhukhwini wakho ukwenza ezakho izindaba ngokuhlanganyela nezingane zakho! Nayi indlela yokwenza.

1. Khethani indaba eniyithokozelayo nonke.
2. Nindawonye, zijwayezeni ukuyifunda kuzwakale. Qiniseka ukuthi kukhona okuthile kumuntu ngamunye azokufunda noma azokwenza.
  - ★ Nquma ukuthi ngubani ozofunda noma asho ziphi izingxenye zendaba. Ngabe lokhu uzokwenza eyedwa noma enomunye?
  - ★ Sebenzisa amazwi ahlukene kubalingiswa abehlukeni.
  - ★ Faka imisindo, njengowokuhamba komuntu endleleni yezinyawo, ukuduma kwezulu noma ukuwishiza komoya.

3. Zejwayezeni ukufunda indaba enemisindo izikhathi eziningi kuze kube wukuthi wonke umuntu useyenza ngokukhululeka ingxenye yakhe.
4. Sebenzisa umakhalekhukhwini ukuziqopha wena kanye nezingane zakho nifunda indaba.
5. Thokozelani ukuyilalela ngokuphindaphinda!

### Create TWO cut-out-and-keep books

#### Hippo and his friends

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Small Bird's big adventure

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

#### Imvubu nabangani bayo

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

#### Uhambo olukhulu lukaNyonyana


1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Drive your  
imagination







Small Bird landed  
in a huge forest,  
filled with trees and  
flowers and treasure.  
He loved playing  
with the shiny  
jewels! But where  
was the giant?

UNyonyana  
wehela ehlahini  
elikhulu, elaligcwele  
izihlahla nezimbali  
kanye nomcebo.  
Wayekuthanda  
ukudlala ngobucwebe  
obubenyezelayo!  
Kodwa ngabe  
izimuzimu labe likuphi?



# Small Bird's big adventure Uhambo olukhulu lukaNyonyana



Wesley van Eeden  
Nick Mulgrew  
Jennifer Jacobs



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




Drive your  
imagination





UNyonyana wandiza waya  
phezulu, phezulu waze wabona  
wonke umhlaba. Wayefuna  
ukuthola izimuzimu. Ngabe  
wayezokwehlela kuphi?

Small Bird flew up and up until  
he could see the whole world. He  
wanted to find the giant. Where  
would he land?



Small Bird was a small bird. He was  
very small and very birdy.

UNyonyana kwakuyinyoni encane.  
Wayemncane impela kodwa  
ekwenza okwezinyoni.




The giant held Small Bird close to her.  
“I love you too,” the giant said.

Izimuzimu labamba uNyonyana  
lamsondeza kulo. “Nami futhi  
ngiyakuthanda,” kwasho  
izimuzimu.






Small Bird walked into a vast field of snow. The snow was white and soft. Small Bird loved rolling around on the cool ground. But where was the giant? UNyonyana wafika ensimini ebanzi yeqhwa. Iqhwa lalimhlophe lithambile. UNyonyana wayezifela ngokugingqika phansi lapho kuphole khona. Kodwa-ke lalikuphi izimuzimu?








Small Bird lived in a beautiful house with the giant. Small Bird loved the giant very much. She was a kind giant. She gave Small Bird lots of toys.

UNyonyana wayehlala endlini  
enhle nezimuzimu. UNyonyana  
wayelithanda kakhulu izimuzimu.  
Laliyizimu elilungile. Lalinikeza  
uNyonyana amathoyizi amaningi.



Small Bird landed right in the giant's hands! He was so happy to see her.

"I love you, Giant!" he shrieked.



UNyonyana wehlela ngqo ezandleni  
zezimuzimu! Wayejabule kakhulu  
ukulibona.

"Ngiyakuthanda, Zimuzimu!"  
kumemeza yena.





Elephant loves  
to drink. Do you?  
Indlovu iyathanda  
ukuphuza amanzi.  
Wena ke?

Wena ke?


ROAR

Ibhubesi Iiyathanda

Do you?

ROAR

Lion loves to



Rhino loves to  
sleep. Do you?  
Ubhejane uyathanda  
ukulala. Wena ke?



Zebra loves to  
play. Do you?  
Idube Iiyathanda  
ukudlala. Wena ke?



We publish what we like

This is an adapted version of *Hippo and his friends*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in all official South African languages. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lolu wushicilelo oluguquliwe lwendaba ethi *Imvubu nabangani bayo*, eshicilelwe ngabakwaJacana Media futhi iyatholakala ezitolo zezincwadi naku-inthanethi ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. AbakwaJacana bashicilela izincwadi zabafundayo abasebancane ngazo zonke izilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zakwaJacana vakashela ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200



PRAESA  
Growing biliteracy and multilingualism



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Hippo and his friends Imvubu nabangani bayo



Tuelo Gabonewe  
Alzette Prins  
Thandiwe Nxumalo



Indulamithi iyathanda  
u - k u - z e - l u - l a .  
Wena ke?

Giraffe loves to  
s - t - r - e - t - c - h .  
Do you?





Inkawu iyathanda  
u k u s h w i b e k a  
ngamagatsha emithi. Wena ke?

Monkey loves to  
s w i n g .  
Do you?


Hippo loves to  
s p l a s h .  
Do you?



Imvubu iyathanda  
u k u g x u m b u k e l a  
emanzini. Wena ke?







Okulandelayo, uNyonyana wandizela  
ngisho nangaphenzulu esibhakabhakeni.  
Wandiza phakathi kwezinkanyezi kanye  
nasezinxanxatheleni zazo! Wabona  
inyanga! Wabona inkanyezi enomsila!  
Kodwa-ke lalikuphi izimuzimu?

Next, Small Bird flew even higher  
into the sky. He flew among the  
stars and galaxies! He saw the moon!  
He saw a comet! But where was  
the giant?




Small Bird dived down, down,  
down. Where would he land?



UNyonyana washwibeka ebheke  
phansi, phansi, phansi. Ngabe  
wayezoqathakela kuphi?









Small Bird was sad when the giant wasn't around. So one day Small Bird flew off to find the giant.

UNyonyana wayephatheka kabi uma izimuzimu lingekho. Ngakho-ke ngolunye usuku uNyonyana wandiza wayofuna izimuzimu.



From way up high, with his sharp birdy eyes, Small Bird saw something! What could it be?

Esekude phezulu, ngamehlo akhe abukhali obunyoni, uNyonyana wabona okuthile! Ngabe kwabe kuyini?





Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Small Bird's big adventure* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), *Hippo and his friends* (pages 9 and 10) and *The cat with the trombone* (page 14).

Small Bird's big adventure

- ★ Use paper, cardboard, feathers and any other scrap materials you can find to create your own Small Bird character.
- ★ Use Plasticine or playdough to make the characters and objects in the story. Then use these to retell the story in your own way – and to make up your own stories.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Uhambo olukhulu lukaNyonyana* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12), *Imvubu nabangani bayo* (amakhasi 9 kuya kwele-10) kanye nethi *Ikati elinethromboni* (ikhasi le-15).

Uhambo olukhulu lukaNyonyana


- ★ Sebenzisa iphepha, ikhadibhodi, izimpaphe kanye nanoma yiziphi izinto ezingasasebenzi ongazithola ukuze wenze owakho umlingiswa onguNyonyana.
- ★ Sebenzisa iplastisini noma ubumba lokudlala ukwenza abalingiswa kanye nezinye zinto endabeni. Emva lokho sebenzisa lezi zinto ukuxoxa kabusha indaba ngeyakho indlela – kanye nokwenza ezakho izindaba.

Hippo and his friends

Create your own ending to the story by adding some text to the last page. Write something in each of the speech bubbles below and then write a sentence or two under the picture. (You might need to go back and read the story first.)

Imvubu nabangani bayo

Zenzele esakho isiphetho sendaba ngokwengeza umbhalo othile ekhasini lokugcina. Bhala okuthile ebhamuzeni lenkulumo ngalinye kwangezansi bese ubhala umusho wodwa noma emibili ngaphansi kwesithombe. (Ungase udinge ukubuyela emuva ufunde indaba kuqala.)



The cat with the trombone

- ★ Create a poster to advertise a concert by the animal band. Think about the information people will need about the concert. You could also make up a clever and interesting name for the band and include this on your poster.
- ★ Write a letter or an email to the animal band to ask them to sing at a wedding. Remember to include details, like the wedding venue, time, how the animals should be dressed and what kinds of songs they should play.



Ikati elinethromboni

- ★ Yakha iphosta yokukhangisa idili lomculo lebhendi yezilwane. Cabanga ngolwazi abantu abazoludinga ngedili lomculo. Ungaphinda futhi uqambe igama elihlakaniphile nelihle lebhendi yomculo bese ulifaka kuphosta yakho.
- ★ Bhala incwadi noma imeyli eya ebhendini yomculo yezilwane uyicele ukuthi izocula emshadweni. Khumbula ukufaka imininingwane efana nendawo okuzoshadelwa kuyo, isikhathi, indlela izilwane okufanele zigqoke ngayo kanye nohlobo lwezingoma okufanele ziludlale.



Drive your imagination





# The cat with the trombone

By Shasha Seakamela ■ Illustrations by Johann Strauss



Once upon a time a farmer in Moletjie, Limpopo, held music auditions. The farmer was looking for a great singer who could also play music very well. He wanted the winner of the audition to perform at his wedding.

The farmer called the animals together. "Please listen carefully to everything I say," he said. "Tomorrow, I want you to come to the community hall to try out in the music audition. I want you to be clean and look good. You must be able to sing and play music well, and I want you to be interested in what you are doing. Come and show me how good you are."

All the animals listened to him and nodded.

The next day the first animal to audition, was the dusty donkey who had brought his guitar with him. Donkey was given a song sheet to follow. He started playing his guitar:

*Twing! Twing! Taaar!*  
*Twong! Twong! Tuu!*  
*Blong! Blong! Beeeee!*

Then he started singing too:

*Oooh! Oooh!*  
*Oooh! Oooh!*

The farmer liked the donkey's music, but he was not happy that the donkey was dirty and dusty. "I like your music. You are a very good guitar player, but you are too dusty to sing at my wedding." The farmer thanked the donkey and let him go.



Next to audition was the chewing cow. She had brought a marimba with her. She was also given a song sheet to follow.

The cow started playing her marimba:

*Donk! Donk! Daah!*  
*Dong! Daah!*  
*Pong! Pong! Piiih!*

Then she started singing too:

*Mooooo! Mooooo! Oooh!*  
*Mooooo! Mooooo! Oooh!*  
*Mooooo! Mooooo!*

The farmer was happy with the cow's marimba playing, but he did not like it that she chewed while she was singing. "You are a great marimba player," said the farmer, "but you are not serious about what you are doing. You shouldn't chew while you are singing." The farmer thanked the cow and let her go as well.



Next came the cheeky, muddy pig with a big drum. The pig walked up to the donkey and cow. He started by telling them that he was the best and he would be chosen to sing at the farmer's wedding. Then the pig told the donkey and cow to leave immediately because they shouldn't waste any more of their time.

The pig started playing his drum:

*Baah! Boom! Baaah!*  
*Boom! Baam! Boom!*  
*Bom! Bom! Bom!*

Then the cheeky, muddy pig started singing too:

*Ooiiiooiiiooiii! Ooiiiooiiiooiii!*  
*Ooiiiooiiiooiii! Ooiiiooiiiooiii!*  
*Grooor! Gruuur! Grrrrr!*

After he had finished his song, the farmer said, "You played your drum well, but you are very rude and you don't look after yourself. You are muddy and smelly." Then the farmer thanked the pig and let him go as well. The pig was sad, especially when the cow and donkey laughed at him as he left the audition hall.



Next to come to the stage was the cat. She had brought a trombone with her. The cat wanted to make sure that she was very clean. Before she went on stage, she licked her fur until it shone.

The cat started playing her beautiful trombone:

*Meaaaaaaaau! Meaaaaaaaau! Meaaaaaaaau!*  
*Grrrrgrrrraaaau! Meaaaaaaaau! Grrrrgrrrraaaau!*  
*Meaaaaaaaau! Meaaaaaaaau! Meaaaaaaaau!*

Sometimes she would play the trombone very high and sometimes very low. Sometimes

she danced too. The farmer clapped his hands at every sound the cat made. He was very happy because he had found the animal who would perform at his wedding.

"You look very clean," said the farmer. "I like the way you played your trombone. You have a great talent. You also showed great interest in your music. I choose you to play at my wedding in Polokwane next week."

The donkey, the cow and the pig wanted to know what the cat had done to be chosen.



"You must always look clean and show interest. You must also show that you enjoy your own performance. Make sure you follow the song sheet and look professional when you perform," the cat said.

The donkey, the cow and the pig looked so sad that they had not been selected to sing at the farmer's wedding, that the cat felt sorry for them. Then she had an idea! She asked them if they would all like to join her and form a band! They were so pleased.

"We must start practising our songs right away. We have one week," the cat said to the donkey, cow and pig. The group practised every day.

On the day of the farmer's wedding, he was surprised to see all the animals together on the stage. They all looked very clean. The cow had also stopped chewing and the pig had stopped being cheeky.

With the cat on the trombone, the pig on the drum, the donkey on the guitar and the cow on the marimba, the music began!

The band started their first song:

*Oooh! Oooh! Oooh! Oooh! Prrrrrrrrrr!*  
*Mooooo! Mooooo! Moooo! Mooooo!*  
*Booom! Booom! Booom! Ooiiiooiiiooiii!*  
*Meaaaaaaaau! Meaaaaaaaau! Meaaaaaaaau!*  
*Grrrrgrrrraaaau! Meaaaaaaaau! Grrrrgrrrraaaau!*

The farmer was so happy with the music the band played, that he invited the animals to sit at the table next to him for the wedding feast.

Everyone at the wedding enjoyed the music. They clapped their hands and danced to the music until the sun came up the next morning.

From that day on, the band received lots of invitations to perform at other weddings around Limpopo. The donkey, pig and cow thanked the cat for helping them and they all became great friends.



Drive your  
imagination





# Ikati elinethromboni

Ikhona  
lezindaba

**NguShasha Seakamela** ■ **Imidwebo nguJohann Strauss** ■ **Ihunyushwe nguMalungi Mbhele**

Kwesukasukela, umlimi eMoletjje, eLimpopo, wamema ababezokuza enhlolekhonweni yomculo. Umlimi lo wayefuna umculi ophambili owayekwazi nokudlala izinsimbi zomculo kahle ngempela. Wayefuna ukuthi lowo owayezohlabana kuleyo nhlolekhono acule emshadweni wakhe.

Umlimi wabizela izilwane ndawonye. “Ngicela nilalele ngokucophelela konke engikushoyo,” kusho yena. “Kusasa, ngifuna nize ehlo lomphakathi ukuze ningenele inhlolekhono yomculo. Ngifuna nifike nihlanzekile, nibukeka kahle. Kumele nikwazi ukucula nokudlala izinsimbi zomculo kahle, futhi ngifuna nibukeke nikuthakasele lokho enizobe nikwenza. Wozani nizongikhombisa ukuthi niyishaya kanjani into yenu.”

Zonke izilwane zamlalela, zangqezela lokho ayekusho.

Ngosuku olulandelayo isilwane sokuqala esangenela inhlolekhono, kwakuyimbongolo eyayinothuli, iphethe isigingci sayo. Imbongolo yanikezwa iphepha lomculo ukuze ibukele kulona. Yaqala ukudlala isigingci sayo:

**Qwi! Qwi! Qaaa!**  
**Qu! Qu! Qwiii!**  
**Pam! Pam! Piii!**

Yase iqala nokucula:

**Ooowu! Ooowu!**  
**Ooowu! Ooowu!**

Umlimi wayekuthandle ukucula

kwembongolo, kodwa wayengeneme

ngokuthi imbongolo yayingcolile futhi igcwele uthuli. “Ngiyawuthanda umculo wakho.

Ungumdlali wesigingci oncomeka kakhulu, kodwa unothuli kakhulu ukuthi ungazocula emshadweni wami.” Umlimi wayibonga imbongolo wase eyidedela ihambe.

Owalandela enhlolekhonweni kwaba yinkomo ehlafunayo. Yayifike iphethe imarimba.

Nayo yanikezwa iphepha lomculo ukuba ibukele kulona.

Inkomo yaqala ukudlala imarimba yayo:

**Ngom! Ngom! Ngaaa!**  
**Nkom! Nkom! Nkaaa!**  
**Bhom! Bhom! Bhaaa!**

Yabuye yaqala ukucula:

**Muuuuu! Muuuu! Ooowu!**  
**Muuuuu! Muuuu! Ooowu!**  
**Muuuuuu! Muuuuu!**

Umlimi wayejabule ngokudlala kwenkomo

imarimba, kodwa akakuthandanga ukuthi

yayihlafuna ngenkathi icula. “Ungumdlali

wemarimba oyingcweti,” kusho umlimi,

“kodwa awuzimisele neze ngalokhu okwenzayo. Akufanele uhlafune uma ucula.”

Umlimi wayibonga inkomazi, wayidedela ukuba nayo ihambe.

Kwalandela ingulube eyedelelayo, nenodaka iphethe isigubhu esikhulu. Ingulube yaqala yaya embongolweni nasenkomeni. Yaqala ngokuzitshela ukuthi kwakuyiyo umakhonya futhi yiyo eyayizokhethwa ukuba icule emshadweni womlimi. Ingulube yabe seyitshela imbongolo nenkomo ukuba ziphume ngokushesha ngoba kwakungekhele ukuba ziqhubeke nokuchiitha isikhathi sazo.

Ingulube yaqala ukudlala isigubhu sayo:

**Gooo! Gooo! Gaaa!**  
**Hhiwu! Hhiwu! Hha!**  
**Bhu! Bhu! Bhu!**

Emva kwalokho ingulube eyedelelayo, egcwele udaka yabe seyiqa ukucula futhi:

**Ooiiiiooiii! Ooiiiiooiii!**  
**Ooiiiiooiii! Ooiiiiooiii!**  
**Grooor! Gruuur! Grrrrr!**

Emva kokuba isiqedile ingoma yayo, umlimi wathi, “Usidlale kahle kakhulu isigubhu sakho, kodwa uyedelela futhi awuzinakekeli. Ugcwele udaka, uyanuka futhi.” Umlimi wabe eseyibonga ingulube nayo wayidedela ukuba ihambe. Ingulube yayidangele, ikakhulukazi lapho inkomo nembongolo seziyihleka ngenkathi iphuma ehlo lenhlolekhono.



Owalandela esiteji kwaba yikati. Laliphethe ithromboni. Ikati lalifuna ukuqinisekisa ukuthi lalihlanzeke kakhulu. Ngaphambi kokuba lingene esiteji, lazikhotha lazikhotha laze lacwebezela.

Ikati laqala ukudlala ithromboni yalo enhle:

**Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu!**  
**Grrrrgrrrrraawu! Meaaaaaaaawu! Grrrrgrrrrraawu!**  
**Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu!**

Kwesinye isikhathi laliyidlalela phezulu kakhulu ithromboni yalo, kwesinye isikhathi liyidlalela phansi kakhulu. Ngezinye izikhathi lalidansa nokudansa. Umlimi wayelokhu elishayela izandla

ngawo wonke umsindo elaliwenza ikati.

Wayejabule kakhulu ngoba wayesesitholile isilwane esasizonandisa emshadweni wakhe.

“Ubukeya uhlanzekile kakhulu,” kusho umlimi. “Ngiyayithanda indlela odlale ngayo ithromboni yakho. Unekhono elihle kakhulu. Futhi uphinde wakhombisa ukuba nentshisekelo enkulu emculweni wakho. Ngikhethe wena ukuba udlale emshadweni wami ePolokwane ngesonto elizayo.”

Imbongolo, inkomo nengulube zazifuna ukwazi ukuthi yini eyayenziwe yikati eyenza ukuba likhethwe.



“Kufanele uhlale uhlanzekile ngaso sonke isikhathi futhi ubonise intshisekelo kokwenzayo.

Kufanele futhi ubonise ukuthi uyakujabulela okwenzayo. Qinisekisa ukuthi ulandela okubhalwe ephepheni lomculo, ubukeke njengomuntu oyaziyo into ayenzayo naqeqeshiwe kuyo,” kusho ikati.

Imbongolo, inkomo nengulube zabukeka zidangele kakhulu ngokuba zingakhethwanga ukuba zicule emshadweni womlimi, kangangokuthi ikati lazizwela. Lase lifikelwa umbono! Lazibuza ukuthi zazingathanda na ukulijoyina benze ibhendi yomculo! Zajabula kakhulu.

“Kumele siqale ukuzejwayeza amaculo ethu ngokushesha. Sineviki elilodwa nje,” kusho ikati embongolweni, inkomo nengulube. Leli qembu lalifunda amaculo zonke izinsuku.

Ngosuku lomshado womlimi, wamangala ukubona zonke izilwane zindawonye esiteji.

Zonke zazibukeka zihlanzeke kakhulu. Inkomo yase iyekile ukuhlafuna kanti ingulube yase iyekile ukwedelela.

Ngenkathi ikati iphambili nethromboni, ingulube iphambi kwesigubhu, imbongolo isibambe isigingci nenkomo iphambi kwemarimba, umculo waqala!

Ibhendi yaqala ingoma yayo yokuqala:

**Ooowu! Ooowu! Ooowu! Ooowu! Prrrrrrrrrr!**  
**Muuuuu! Muuuuu! Muuuuu! Muuuuu!**  
**Bhu! Bhu! Bhu! Ooiiiiooiii!**  
**Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu!**  
**Grrrrgrrrrraawu! Nyaaaaaaaawu! Grrrrgrrrrraawu!**

Umlimi wayejabule kakhulu ngomculo owawudlalwa yiqembu, waze wamema izilwane ukuba zihlale etafuleni elaliseduze naye edlini lomshado.

Wonke umuntu emshadweni wawujabulela umculo. Bashaya izandla futhi badansela umculo kwaze kwasa.

Kusukela ngalolo suku, ibhendi yayithola izimemo eziningi zokuyodlala emshadweni eminingi ezindaweni zaseLimpopo. Imbongolo, ingulube nenkomo zalibonga ikati ngokuzisiza futhi zonke zaba ngabangane abakhulu.



Drive your  
imagination





### Can you complete this story?

1. Write a word or a few words in each space below to make the beginning of the story more exciting to read.
2. Continue the story by telling it or writing it.

One afternoon, Neo and Priya went to the park to do their homework. They had to find out about the homes that different insects live in. Neo was walking \_\_\_\_\_.

"Hurry up, Neo," said Priya. "We have a lot to do!"

As soon as they reached the park, Priya ran over to a \_\_\_\_\_ pile of rocks.

She \_\_\_\_\_ picked up one of them and looked under it, but there was nothing there. Then she looked in the clump of \_\_\_\_\_ bushes.

"Nothing here either," shouted Priya to Neo who was standing under a \_\_\_\_\_ tree.

Then \_\_\_\_\_ Priya shouted, "Come and see, Neo! I've found a \_\_\_\_\_ songololo!"

But Neo did not move. He did not know how to tell Priya that he was scared of insects! "Don't worry. I'll wait for you here," said Neo still standing under the tree.

Suddenly, the leaves on one of the branches moved. Neo got a huge fright and ran over to Priya, but he tripped over a \_\_\_\_\_ stick and fell onto the \_\_\_\_\_ grass with a thump – right next to a \_\_\_\_\_ grasshopper!

"Eek!" Neo screamed \_\_\_\_\_.

---



---



---



---



---

### Ungakwazi yini ukuqedela le ndaba?

1. Bhala igama noma amagama ambalwa esikhaleni ngasinye ngezansi ukwenza isingeniso sendaba sibe mnandi kakhudlwana ukusifunda.
2. Ohubeka nendaba ngokuyixoxa noma ngokuyibhala.

Ngenye intambama, uNeo noPriya bahamba baya epaki beyokwenza umsebenzi wabo wasekhaya. Kwakumele bathole amakhaya lapho izinambuzane ezahlukeni zihlala khona. UNeo wayehamba \_\_\_\_\_.

"Shesha, Neo," kwasho uPriya. "Kunezinto eziningi okumele sizenze!"

Bathi bangafika nje epaki, uPriya wagijima waya enqwabeni yamatsheni e-\_\_\_\_\_.

wacoshela elilodwa kuwo wabuka ngaphansi kwalo, kodwa kwakungekho lutho lapho. Emva kwalokho wayesebhaka esixhotsheni \_\_\_\_\_ sezihlahla.

"Akukho lutho nalapha," kumemeza uPriya ebiza uNeo owayemi ngaphansi kwesihlahla esi-\_\_\_\_\_.

Emva kwalokho \_\_\_\_\_ uPriya wamemeza, "Woza uzobona, Neo! Ngithole ishongololo \_\_\_\_\_!"

Kodwa uNeo akabonaze wanyakaza. Wayengazi ukuthi uzomtshela kanjani uPriya ukuthi yena uyazesaba izinambuzane! "Ungakhathazeki. Ngizokulinda khona lapha mina," kwasho uNeo eme ngaphansi kwesihlahla.

Khona manjalo, kwanyakaza amacembe kwelinye lamagatsha. UNeo wethuka kakhulu wagijima waqonda kuPriya, kodwa wakhubeka endukwini \_\_\_\_\_ wayesewela otshanini \_\_\_\_\_ wathi gqinsi – eduze nje kwentethe \_\_\_\_\_!

"Yo-o-o!" kumemeza uNeo \_\_\_\_\_.

---



---



---



---



---



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://www.youtube.com/channel/UC...) [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust and Arena Holdings Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

The Herald

**S**owetan  
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your  
imagination

